


NguMongameli
uThomas S. Monson



Akekho Lapha, Kepha Uvukile

Namuhla kusele izakhiwo ezimoshekile kwindlu edilikile yaseCapernaum, lelo dolobha eliseduzane nomfula, kusenhliziyweni yobufundisi bukaMsindisi waseGalile. Lapha Washumayela endlini yesonto lamaJuda, wafundisa eduzane nolwandle, futhi elapha emakhaya.

Ekuqaleni kwemfundiso yobuKrestu Yakhe, uJesu wathatha umbhalo kuIzaya: “Umoya weNkosi uNkulunkulu uphezu kwami; ngokuba iNkosi igcobe mina ukuba ngishumayele izindaba ezilungile kulabo abazithobileyo; ungithumile ukuba ngihlanganise labo izinhliziyiyo zabo eziphukile, ukushumayela inkululeko kulabo ababoshiwe, futhi nokuvula ijele kulabo ababanjiwe” (Izaya 61:1; bona futhi uLuka 4:18)—ukuphimisela okusobala kweplani elihle lokusindisa amadodana kanye namadodakazi kaNkulunkulu.

Kepha ukushumayela kukaJesu eGalile kwakuyisigalo nje. iNdodana yoMuntu yayisoloku njalo inokusababala ukuhlangana nokuqhubeka entabeni eyayibizwa ngokuthiwa iGolgotha.

Waboshwa eNsimini yaseGethsemane emva kweSiddo Sokugcina, elahlwe ngabalandeli Bakhe, owakhafulelwa, bazama futhi bamphoxa, uJesu wabhadazela ngaphansi kwesiphambano Sakhe esikhulu ukuya eKhalvari. Waqhubeka kusukela ekunqobeni ukuya

ekukhohlisweni, ukuzwa ubuhlungu, futhi nokufa esiphambanweni.

Emagameni eculo, “Idolobha Elingcwele”:

Isehlakalo sashintshwa. . . .

*Ukusa kwakubanda futhi kumakhaza,
Njengomthunzi wesiphambano uphakama
Phezu kwentaba yesithukuthezi.¹*

Kithina uBaba wethu waseZulwini wanikela ngeNdodana Yakhe. Kithina uMfowethu Omdala wanikela ngeMpilo yakhe.

Ngesikhathi sokugcina uThisha ubengabuyela emuva. Kodwa Azange. Waphumelela kuzinto zonke ukuthi Angahle asindise izinto zonke: isizwe sabantu, umhlaba, futhi nayo yonke impilo eke yabakhona.

Akukho magama kubuKrestu ashokuningi kimina kunalawo akhulunywe yingelosi kuMary Magdalene owakhala futhi nomunye uMary njengoba besondela ethuneni ukuyonakekela umzimba weNkosi yabo: “Yingani nifuna yena kulabo abafileyo? Akekho lapha, kepha Uvukile” (uLuka 24:5–6).

Ngalesenzo, labo abaphila futhi asebafa, labo abaphilayo manje futhi ngelinye ilanga bazakufa, futhi nalabo abangakazalwa futhi abangakafi basindisiwe.

Njengomphumela wokunqoba kukaKrestu ethuneni, sonke sizakuvuka kwabafileyo. Lokhu kuyinsindiso yomphefumulo. uPaul wabhala kanjena:

“Kune . . . imizimba embusweni wezulu, futhi nemizimba embusweni womhlaba: kepha udumo lombuso wezulu lunye, futhi udumo lombuso womhlaba ngolunye.

“Kunodumo olodwa lwelanga, futhi nodumo olunye lwenyanga, futhi nolunye udumo lwezinkanyezi: udumo lwenkanyezi ngayinye luhlukile kunodumo lwenye inkanyezi

“Futhi kunjalo nokuvuka kwabafileyo” (1 Abase-Khorinte 15:40–42).

Udumo lombuso wezulu yilo esilufunayo. Isifiso sethu ukuhlala noNkulunkulu. Umndenani ongunaphakade esifuna ukuba sibengamalungu wawo.

Loyo Yena waletha omunye nomunye wethu ekufeni okungapheliyo, Ngibeka ubufakazi bami Ngomfundisi weqiniso—kepha Omkhulu ukwedlula uthisha. Uyisibonelo sempilo ephelele du—kepha Mkhulu ukwedlula isibonelo. Ungudokotela omkhulu—kepha Mkhulu ukwedlula udokotela. Umgumsindisi womhlaba weqiniso, iNdodana kaNkulunkulu, Inkosana yoXolo, yena Ongcwele waseIsrayeli, kanye neNkosi eyavuka, owamemezela, “Ngingowokuqala futhi nowokugcina; Nginguye ophilayo; Ngiwulowo owabulawa; Ngingumeli wakho kuye uBaba” (D&C 110:4).

“Oh, imnandi injabulo elethwa yilesisho: ‘Ngiyazi ukuthi umsindisi wami uyaphila!’”²

Ngalokhu Ngibeka ubufakazi

AMANOTHI

1. uFrederick E. Weatherly, “Idolobha Elingcwele” (1892).
2. “Ngiyazi Ukuthi uMsindisi Wami Uyaphila,” *Amaculo*, no. 36.

UKUFUNDISA NGALO MLAYEZO

Abothisha abalungile bagququzela ubumbano kulabo ababafundisayo. Njengoba abantu babelana nemicabango futhi balalele umunye nomunye

ngenhlonipho, abajabuleli kuphela ukuba sendaweni yokufunda elungileyo kepha futhi ibenza babemunye kakhulu (bona *Teaching, No Greater Call* [1999], 63). Ubumbano luzakhula kulabo obafundisayo njengoba wena nabo nibeka ubufakazi ngokuzithoba ngokuHlawulelwa kukaJesu Krestu kanye Nokuvuka Kwakhe Kwabafileyo. Lobumbano lungasiza imindenani ilandelele ukukhansela kukaMongameli ukuba “imindenani ongunaphakade.”

INTSHA

Wasibonisa Indlela Yokubuyela Ekhaya

“uMsindisi weza emhlabeni ukusibonisa ukuba siphile kanjani iplani eyabhalwa ezulwini—iplani leyo, uma iphilwa, izasenza thina sijabule. Isibonelo Sakhe sibonise thina indlela yokubuyela ekhaya kuBaba wethu waseZulwini. Akekho omunye owaphila ‘owaqina futhi anganyakazi’ (uMozaya 5:15). Azange ake aphazamiseke. Ube fokhase ekuqhubekiseni isifiso sikaBaba, futhi Wahlala eneqiniso emsebenzini Wakhe Ongcwele. . . .

“Uyingxenywe yeplani elimangazayo elabekwa embusweni wempilo yoMoya phambilini kwalena, Ukuza kwakho lapha emhlabeni manje kulindelwe njengoba iplani yavunyelwa. Indawo okuyona kulesikhathi kanye nendawo ophila kuyo akuyona ingozi ‘Ukhohlo lwakho oludlulele kanye nemsebenzi emihle’ (uAlma 13:3) kubeke isisekelo kulokho ongahle ukuzuze manje uma unokhohlo futhi ulalela. . . . Unomsebenzi omkhulu kufanele uwenze. Ukuze uzuze umsebenzi wakho ongcwele futhi uphile iplani yenjabulo, nawe futhi kumele uqine futhi unganyakazi.”

uElaine S. Dalton, umongameli jikelele Wabesifazane Abasebasha, “Ngazo Zonke Izikhathi, kuzo Zonke Izinto, futhi kuzo Zonke Izindawo,” *iLiahona*, May 2008, 116.



Ukholo • Umndeni • Inkululeko

Injongo yeNhlangotho Yabesimame Ekhululekile

Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangotho Yomame Yenkululeko ibe yingxenywe ebalulekile yempilo yakho.

Ngenkathi ubumongameli bethi bubizwa kuqala, sinikezwa izinto ezizusizo ngomlando we-Nhlangotho Yabesimame Ekhululekile. Sazifunda ngomthandazo, sifuna ukwazi ngenjongo Yenhlangotho Yabesimame Ekhululekile futhi ukuba yini leyo iNkosi ezofuna siyenze. Safunda ukuthi injongo yeNhlangotho Yabesimame Ekhululekile njengoba yasungulwa yiNkosi ukuhlanganisa, ukufundisa, futhi nokugqugquzela amadodakazi Akhe ukuba alungiselele izibusiso zempilo engunaphakade.

Ukufeza lenjongo Yenhlangotho Yabesimame Ekhululekile, iNkosi inikeze igunya odade ngamunye kanye nebandla ngokuphelele ukuba:

1. Yandisa Ukholo kanye Nokulungana Kwakho.
2. Qinisa imindeni kanye namakhaya.
3. Nikeza usizo ngokusebenzela iNkosi kanye nezingane Zakhe.

Singenza lomsebenzi ngendlela yeNkosi kuphela uma sifuna, sithola, futhi sisebenzela kwisambulo sethu. Ngaphandle kwesambulo sethu, asisoze saphumelela Uma silalela isambulo sethu, asisoze sahluleka. uMprofethi uNefayi usiyala ukuthi uMoya Ongcwele

uzasibonisa “zonke izinto lezo [thina] okumele sizenze” (2 Nifayi 32:5). Kumele sivumele thina ukuba sime ngokwanele futhi sithule ngokwanele ukuba silalele izwi loMoya.

Bodade, sinendima ebalulekileyo ekumele siyidlale ekusizeni ukwakha umbuso kaNkulunkulu futhi silungiselele ukuza kweNkosi. Ngokweqiniso, umsebenzi weNkosi ngeke wafezeka ngaphandle kosizo lwamadodakazi Akhe. Ngalokho-ke, iNkosi ilindele thina ukuba sikhuphule iminikelo yethu. Ulindele thina ukuba sifeze injongo yeNhlangotho Yabesimame Ekhululekile njengakaze kwenzeka ngaphambilini.

uJulie B. Beck, uMongameli Jikelele Wabesimame Benhlangotho Ekhululekile.

Kuvela embhalweni Ongcwele

Deuteronomy 6:5–7; uLuka 10:30–37; James 1:27; 2 uNefayi 25:26; uMozaya 3:12–13

Kuvela Emlandweni Wethu

Ngomhlaka June 9, 1842, emhlanganweni Wenhlangotho Yabesimame Ekhululekile, uMprofethi uJoseph Smith wafundisa odade ukuthi inhlangotho yabo “yayingenzelwanga ukusiza abampofu kuphela, kepha ukusindisa imphefumulo.”¹ Lesitatimende sangamoya

futhi nenjongo yesikhashana yehlukanise Inhlangotho Yabesimame Ekhululekile kunezinye sonke isikhathi emlandweni wayo. Phakathi ko 1906 uMongameli uJoseph F. Smith (1838–1918) wafundisa: “[Inhlangotho Yabesimame Ekhululekile] ayizange ibhekane nezidingo zabampofu kuphela, abagulayo, abaswele, kepha ingxenywe yomsebenzi wayo—kanye nengxenywe enkulu, futhi—ukunakekela isimo somoya senhlalo kahle futhi nensindiso yabomama kanye namadodakazi eZayoni; ukubona ukuthi abekho abanganakiwe, kepha bonke bavi-kelekile ekubhekaneni namashwa, inhlekelele, amandla obumnyama, kanye nobubi okusabisa bona kulomhlaba.”² Phakathi ko2001 Igosa uM. Russell Ballard wekhoramu Yabapostoli Beshumi Nambili. Waphinda wakusho “Wonke udade kuleBandla owenza isivumelwano neNkosi unelungelo elikhulu ukusiza ukusindisa imiphefumulo, ukuhola abasifazane balomhlaba, ukuqinisa amakhaya waseZayoni, futhi nokwakha umbuso kaNkulunkulu.”³

AMANOTH

1. uJoseph Smith, ku *Mlando weBandla*, 1:78.
2. *Izifundiso zabaProfethi beBandla: Joseph F. Smith* (1998), xiv, 21–22
3. M. Russell Ballard, “Abesifazane Abalungileyo,” *iLiahona*, Dec. 2002, 39.

Ngingenzenjani?

1. Ugquguzelo luphi engiluzuzile ukusiza odade bami baphakame ngokholo kanye nokulunga kwabo futhi nokuqinisa imindeni kanye namakhaya abo? Usizo Olunjani Engingalunika?

2. Ngingawusebenzisa kanjani lomlayezo ukuba ngiqinise ukholo lwami kanye nokukhulisa ukuzibophezela kwami kokulunga kwami.

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.